

# **Ukuqala kokusetshenziswa komyalelo wenqubomgom yokuSingathwa koHlelo lokuThuthukiswa kokuKhiqizwa kweziMoto emva konyaka wezi-2020**

**Tshwane, 14 kuNhlanguana 2021** – UNgqongqoshe wezoHwebo, iziMboni nokuNcintisana ukhiphe umyalelo wenqubomgomgo ngokwesigaba 5 soMthetho wokuSingathwa kwezoHwebo emaZweni omhlaba i-*International Trade Administration Act*, 2002, ecela iKhomishana yokuSingathwa kwezoHwebo emaZweni oMhlaba i-*International Trade and Administration Commission* ukuba ilekelele ekuqalisweni kokusebenza koHlelo lokuThuthukiswa kokuKhiqizwa kweziMoto i-*Automotive Production and Development Programme* emva konyaka wezi-2020 (APDP Phase II) ukuze lungene endaweni ye-APDP ekhona manje.

Le-APDP ekhona kwakumele isebeenze kusukela mhla lu-1 kuMasingana 2013 kuze kube mhla zingama-31 kuZibandlela 2020. Kodwa-ke, uNgqongqoshe wezoHwebo, iziMboni nokuNcintisana walulula lolu hlelo olukhona kwaze kwaba mhla zingama-30 kuNhlanguana 2021 ngenxa yemithelela emibi ubhubhane lwe-COVID-19 olwaba nayo ekukhiqizweni, ekudayisweni, nasekuthelekisweni kwezimoto kuleli.

I-APDP uhlelo oluwumsebenzi woMnyango wokuTheisa olubandakanya izephulelo kanye nezimali ezibuyayo zentela efanele yempahla engenayo nephumayo.

Ukuchitshiyelwa kwsigaba sesibili salolu hlelo i-APDP Phase II kuzoshicilelwa kuGazethi kaHulumeni mhla zingama-25 kuNhlanguana 2021. Lolu chibiyelo oluphakanyisiwe lusoqala ukusebenza kusukela mhla lu-1 kuNtulikazi 2021. Kodwa-ke, ukuchitshiyelwa lokhu kuzobe kwensiwa bukhoma kusizindalwazi sakwaSARS kusukela mhla ziyi-14 kuNhlanguana 2021 lukawa malinki alandelayo. <https://www.sars.gov.za/legal-counsel/secondary-legislation/tariff-amendments/tariff-amendments-2021/>